# BTNEWS

IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

www.btnews.co.za • 31 August 2026






# ITheku lichazwe njengesizinda sezokuvakasha kuleli

**Thubelihle Khumalo**




Injabulo kwabayizikhulu zikahulumeni, osomabhizinisi abasemkhakheni wezokuvakasha, kanye namaciko aseThekwini kwethulwa inyanga yezokuvakasha

ITHEKU selichazwe njengesikhali iNingizimu Africa ezohlasela ngaso kwinyanga yezokuvakasha njengoba izwe selilungisa izinhlelo zokuheha abavakashi kusukela ngomhlaka 1 Sephthemba kuya kumhlaka 27 Sephthemba.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe woMnyango wezokuVakasha uNks Patricia de Lille, ngenkathi ethula umkhankaso wakulo nyaka ozoqhutshwa ngaphansi kwengqikithi ethi Growing South Africa's Tourism Sector in the Digital Era. Uzohambisana nohlelo iSho't Left.

Ukukhethwa kweTheku njengendawo yokwethulwa kwalo mcimbi kuqhakambisa indima yalo njengedolobha elihamba phambili kwezokuvakasha ogwini, kanye nendawo ebalulekile yemicimbi emikhulu, izingqungquthela nemihlangano yamabhizinisi.

ITheku liphinde laqinisekiswa njengedolobha elizosingatha i-Africa's Travel Indaba kusukela ngo-2026 kuya ku-2030, okuyinto eqinisa isikhundla salo emnothweni wezokuvakasha waseNingizimu Africa.

Muva nje, iTheku lisanda kusingatha ingqungquthela enkulu yeSADC ukubonisa izivakashi amathuba ahlukahlukene ezokuvakasha akhona kuleli dolobha. Izithunywa zeSADC zithole ithuba lokuvakashela iKwaMuhle Museum, ngaphambi kokuyobona impilo yaselokishini eMax's Lifestyle Village. Lokhu kuveze ingcebo yedolobha, kusukela emlandweni namasiko kuya emabhishi, ezokudla, ezokungcebeleka kanye nomnotho wasemalokishini.

NgokweQuarterly Labour Force Survey yeStatistics South Africa (Stats SA)yekota yesibili ka-2026, iTheku libe nezinga eliphansi kakhulu lokungasebenzi phakathi kwamadolobha amakhulu ayisishiyagalombili kuleli, elingu-21.2%. Balinganiselwa ku-1.29 million abantu abaqashwe kuleli dolobha ngaleso sikhathi, okuyisibalo esikhule ngabantu abangu-90 000 uma siqhathaniswa nesikhathi esifanayo ngonyaka odlule.

Ezokuvakasha, imicimbi yamabhizinisi kanye nomnotho wabavakashi kungenye yemikhakha esisiza ekwakheni amathuba emisebenzi nokweseka osomabhizinisi bendawo.

Njengoba inyanga yezokuvakasha isondela, uNgqongqoshe ugcizelele ukubaluleka kokuthi abantu baseNingizimu Afrika baqale ngokuvakashela izindawo abasondelene nazo.

UMasipala weTheku wona uthe usukulungele ukwamukela izivakashi zasekhaya, ezesifunda kanye nezamazwe omhlaba. USihlalo weKomidi lokuHlelwa nokuThuthukiswa koMnotho kumasipala uKhansela Thembo Ntuli, uthe leli dolobha libhekene nesikhathi esijabulisayo kwezokuvakasha nasemabhizinisini.

"ITheku liyaqhubeka nokukhombisa ukuthi lingaphezu nje kwendawo yokungcebeleka. Yidolobha lapho amabhizinisi, amasiko, ezokuvakasha kanye nokutshalwa kwezimali kuhlangana khona," kusho uNtuli.

Njengoba ubuchwepheshe buqhubeka nokushintsha indlela abantu abathola ngayo ulwazi ngezindawo abazivakashelayo, amathuba ayanda nakosomabhizinisi bezokuvakasha, ukuthi basebenzise izinkundla zokuxhumana ukufinyelela kwizivakashi ezintsha nokukhangisa izinto ezehlukene ezitholakala kwelikabhanana.

UNgqongqoshe ugcizelele ukuthi ukukhulisa ezokuvakasha akuwona umsebenzi kahulumeni kuphela, kodwa kudinga ukubambisana kukahulumeni, izimboni ezizimele, izifundazwe, omasipala, amabhizinisi ezokuvakasha, abezindaba kanye nabahambi uqobo.

"Ezokuvakasha akukhona nje ukuhamba usuka kwenye indawo uye kwenye. Kumayelana nokudala amathuba emisebenzi, ukweseka osomabhizinisi, ukulondoloza amagugu ethu, ukuqinisa imiphakathi kanye nokwakha ukuziqhenya ngezwe, kusho ude Lille.




ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

- Facebook: BTNews Iphephandaba Lomphakathi
- Instagram: btnews2026
- Email: btnewsbookings@gmail.com
- Website: www.btnews.co.za




# Sebephenduke isibonelo esihle abezempilo abasebenza emphakathini

UDr Nompumelelo Nkosi usephendule umoya wakhe wokulwa nokuzinikela ekusizeni umphakathi waba yithuba elisha emkhakheni wesibhakela.

Njengodokotela, umgqugquzeli womphakathi kanye nomuntu ozinikele ekuthuthukiseni intsha, uNkosi usephinde wathola enye indima njengoba esengomunye wabagqugquzeli besibhakela abasanda kuthola amalayisensi KwaZulu-Natal.

Khona maduze uzobe ehlele umqhudelwano wakhe wokuqala eMandeni, kanti umdlalo omkhulu uzoba ngowabesifazane kuphela. Lokhu kuyindlela yakhe yokubeka abesifazane phambili emdlalweni lapho amathuba obuholi kubantu besifazane engakabi maningi.

NgeNompumelelo Nkosi Boxing Promotions, uhlose ukusebenzisa isibhakela njengento edlula ezokuzijabulisa, kepha edala amathuba entsheni, ukufukula abesifazane kanye nokusebenzisa ezemidlalo ukubhekana nezinselelo ezibhekene nemiphakathi.

Ofuna ulwazi olunzulu ngezinhlelo zikaNkosi angaxhumana naye ku- 063 240 4836.






Dr Nompumelelo Nkosi- (Nompumelelo Nkosi Boxing Promotions)



Dr Bongisani Manukuza osebenzela umphakathi waseMlazi naseBerea

## AA Medical Centre

Ukunakekelwa kwezempilo yikho okusemqoka e-AA Medical Centre, esezakhele igama ngokuhlinzeka ngezinsizakalo zezempilo ezisezingeni emiphakathini yaseMlazi naseBerea.

Lezi zikhungo zihlinzeka ngokubonwa ngodokotela jikelele, ukudluliselwa kweziguli kochwepheshe bezempilo kanye nezinye izinsizakalo zezempilo.

Emiphakathini lapho ukuba nezinsizakalo eziseduze kungasindisa isikhathi futhi kwenze kube lula ukuthi abantu bathole usizo, i-AA Medical Centre yakha ibhizinisi elibhekene nesidingo esibalulekile nesihlala sikhona.

Uma ufuna ukuhlela ukubonana nodokotela eMlazi ungashayela ku- 031 909 1840, uma ufuna ukuya eBerea ungashayela ku- 031 001 1221.

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035
www.btnews.co.za

CONTACT BT NEWS NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com




Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

ETHEKWINI MUNICIPALITY

# IThekutalks

KEEPING YOU IN THE KNOW

NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Injabulo uMasipala wethula izinhlelo zentuthuko entshonalanga engaphandle



**IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yethule izinhlelo eziningi zokuhanjiswa kwezidingo ezizoletha olukhulu ushintsho esifundeni esisentshonalanga engaphandle ngomhla ka-23 Julayi. Lokhu kufaka ukunikezela ngendlu lapho uBabhekile Zwane, ophakathi nendawo, ehluleke ukuzibamba wagiya ngesikhathi uMeya uXaba nePhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda, uKhansela Sifiso Mkhize, bemnikeza ngokusemthethweni ukhiye wendlu yakhe entsha.** Isithombe:THULI DLAMINI

**SIMPHIWE DLAMINI noSILINDILE CELE**

UBUHOLI bukaMasipala, buholwa yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, bethule ngokusemthethweni izinhlelo eziningi zokuhanjiswa kwezidingo esifundeni esisentshonalanga engaphandle ngomhla ka-23 Julayi.

IMeya ibihamba namalungu esiGungu esiPhezulu namakhansela okubalwa kuwo uKhansela Thembo Ntuli, uKhansela Zama Sokhabase, uKhansela Themba Mvubu, noKhansela Sifiso Mkhize.

Lolu hlelo luphethe ngomhlangano womphakathi obuthanyelwe yizinkulungwane zezakhamizi eziqhamuka KwaNyuswa, KwaNgcolosi, eMbo, nasezindaweni ezingomakhelwane.

Ekhuluma nomphakathi, uMeya uXaba ugcizelele ukuzibophezela kukaMasipala ekunwebeni iKwaNqetho Water Reservoir ukuze ihlangabezane nesidingo samanzi esikhulayo emphakathini.

"Leli damu kumele likhuliswe ukuze lizokwazi ukuthwala umthamo ongaphezu kuka-1 megalitre ngemuva kokuba ucwaningo olwenziwe ngo-2021 luveze ukuthi izakhamizi zaKwaNgcolosi zande ngemizi ewu-2500.

Ngakho, uMasipala uthathe isinqumo sokukhulisa umthamo walesi sikhungo ube wu-6 megalitre," esho.

UMeya uXaba uphinde wamemezela ukuthi kunezinhlelo zokwakhiwa kwedamu lokugcina amanzi laKwaNyuswa, lapho inselelo yokutholakala kwamanzi ngezikhawu iqhubeka khona. Sesihlonziwe isiza sokwenza lo msebenzi.

"NjengoMasipala, siyaqhubeka nokutshala imali engqalasizindeni ngenhloso yokwenza ngcono indlela esihlinzeka ngayo amanzi ukuze kungabi khona osala ngaphandle," esho.

UMeya uXaba uveze nokuthi uMasipala usuwakhe imigwaqo eyisithupha engenela KwaNyuswa naseMaphephetheni, okufaka nokuvuselelwa kwemigwaqo eyayilinyazwe yizikhukhula zika-2022.

## *Kutshalwe ngaphezu kukaR127 million ekulungisweni kwemigwaqo*

**SIMPHIWE DLAMIN**

USUFINYELELE esigabeni esibalulekile umsebenzi kaMasipala wokuvuselela inkaba yeTheku owenziwa ngohlelo i-Inner-City Road Rehabilitation Programme.

Onyakeni wezimali ka-2025/26, uMasipala utshale imali elinganiselwa kuR127.9 million ekulungiseni imigwaqo ebalulekile ewu-13 enkabeni yeTheku nasezindaweni eziseduze. Kuthuthukiswe ingqalasizinda yomgwaqo elinganiselwa emakhilomitheni awu-65, okukhomba ukuthi uphiko iRoads and Infrastructure Management Directorate lukwazile ukwenza okungaphezu komsebenzi elibekelwe wona wonyaka wokuvuselela ityiela lomgwaqo.

Imigwaqo emikhulu esilungiswe kulolu hlelo ihlanganisa uMngeni Road, uDr Pixley ka Seme Street, uK E Masinga Road, uMasabalala Yengwa Avenue, uSandile Thusi Road, uMargaret Mncadi Avenue, uSoldiers Way, uSmiso Nkwanyana Road, iNkosi Albert Luthuli Freeway (M4), neminy



**UMasipala weTheku uyaqhubeka nokuvuselela inkaba yedolobha ngokusebenzisa uhlelo lwawo i-Inner-City Road Rehabilitation Programme.** Isithombe: SITHUNYELWE

Le misebenzi emikhulu isisithuthukise kakhulu isimo semigwaqweni ebalulekile yezokuthutha esetshenziswa nsuku zonke yizinkulungwane zabagibeli, izakhamizi, amabhizinisi nabezokuthutha zomphakathi.

Ngaphezu kokufakwa kabusha kwetiyela, kuphinde kwathuthukiswa ingqalasizinda yamanzi emvula, kwaqiniswa ezokuphepha kwabahamba ngezinyawo nezomgwaqo, kwehliswa nesidingo sokuthi kuhlale kulungiswa njalo.

IPhini leNhloko yeRoads and Infrastructure Management, uThanda Zulu, lithe uMasipala usazimisele ngokuqhubeka ngomfutho ofanayo wohlelo i-Inner-City Regeneration Programme ngokuqhubeka nokutshala imali. "Utshalomali olucishe lube wuR128 million emigwaqweni yethu lukhombisa ukuzibophezela kukaMasipala ekwakheni kabusha ingqalasizinda ebalulekile, ukuthuthukisa ukuhamba kwabantu nokuthuthwa kwempahla, ukwakha isimo eseseka ukukhula komnotho, ukutshalwa kwezimali nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi," kusho uZulu.

UZulu unezele wathi kuqhakambiseke neqhaza elibalulekile elibanjwe ngamathimba kaMasipala.

"Emigwaqweni ewu-13 elungiswe kabusha ngonyaka wezimali ka-2025/26, izinhlelo ezine zenziwe ngokuphelele ngamathimba kaMasipala."

# Imikhankaso yokuqinisa ezokuphepha emgwagweni

**JESSIE SINGH**

UMASIPALA weTheku uyaqhubeka nokubeka phambili ukuphepha emgwaqweni nokuthobela imithetho yezokuthuthwa kwempahla ngokusebenzisa imikhankaso yokuqinisekisa ukugcinwa kwemithetho eyenziwa emigwaqweni ebalulekile yezokuthutha. NgoJulayi, kube nochungechunge lwemikhankaso eyenziwe emzileni uM7/N2 naseMariannhill Toll Plaza, lapho bekubambisene khona iRoad Traffic Inspectorate (RTI), iRoad Traffic Infringement Agency (RTIA), amaPhoyisa kaMasipala, uPhiko lweziCishamlilo, ne-eThekwini Transport Authority (ETA). Le mikhankaso ehlanganisa izinhlaka ezahlukahlukene iyingxenye yokuzibophezela kukaMasipala ekukhuthazeni imigwaqo ephephile, ukuqinisa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo nekaMasipala, kanjalo nokweseka izinhlelo zokuthuthwa kwempahla ngendlela eyiyo eThekwini, elinechweba elimatasa kakhulu eNingizimu Afrika.

UPhiko lweziCishamlilo luhlole amaphepha ezimpahla eziyingozi ukuqinisekisa ukuthi kuhanjiswana nemithetho efanele, kwathi abeRTI bagxila emithethweni yomgwaqo futhi banikeza abashayeli ithuba lokukhokha izinhlawulo zemigwaqo ezingakakhokhwa. AbeRTIA bafundise abashayeli ngohlelo i-Administrative Adjudication of Road Traffic Offences (AARTO) futhi babasiza ngokuhlola amarekhodi okwephulwa komthetho. Le mikhankaso kaJulayi ithele izithelo ezinhle. Kube khona abayisithupha abephule imithetho eyimpoqo yezimpawu ezikuyalela ukuba ume, kwaba nezigameko eziwu-16 lapho abashayeli behlulekile ukukhipha izitifiketi ezidingekayo zezimpahla eziyingozi. Kukhokhiswe inhlawulo ewuR92 500 isiyonke, kwathi izinhlawulo eziwu-26 zakhokhwa ngaleso sikhathi, okungenise uR15 800.



**Ngokuhlanganisa ezemfundo nemikhankaso yokuqinisekisa ukugcinwa kwemithetho, uMasipala uqinisa isibopho sokuphendula emkhakheni wezokuthuthwa kwempahla.** Isithombe: SITHUNYELWE

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IZINGA LOKUPHEPHA KWAMANZI EMABHISHI
SKENA LAPHA
UTHOLE IMIPHUMELA YAKAMUVA YEZINGA LOKUHLANZEKA KWAMANZI EMABHISHI.
VAKASHELA KU-www.durban.gov.za
NOMA BHEKA IMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWAMANZI OQWEMBENI LWEZAZISO EMABHISHI.

BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# ITHALA NABESIFAZANE E

# IThala libeka abesifazane abasemabhiz

ABESIFAZANE abangosomabhizinisi abancane bathole ithuba eliyingqayizivele lokuthuthukisa amakhono , bathole ulwazi ngamathuba ezimali futhi baqinise amabhizinisi abo emcimbini obubanjwe wokubungaza inyanga yabesifazane obuhlelwe ibhange Ithala.

IWomen in Construction Workshop ebibanjelwe eTrade Centre Knowledge Centre yaleli bhange, ihlose ukunika abesifazane abasebenza embonini yezokwakha ulwazi, amathuluzi nokwesekwa okudingekayo ukuze bakhulise amabhizinisi abo.

Lo mcimbi ubuhlelwe yi-Ithala Development Finance Cooperation (IDFC), uphinde wagqamisa indima ekhulayo yabesifazane embonini osekunesikhathi eside ibuswa kakhulu ngabesilisa. Awugcinanga nje ngokukhuthaza abesifazane ukuthi bangene embonini yezokwakha, kodwa usetshenziselwe nokubalungiselela ingcindezi abazohlangabezana nayo.

Banikezwe ulwazi nezinsiza ezingabasiza babhekane nezinselelo zokuphatha amabhizinisi, kwagcizelelwa kakhulu ngokutholakala kwezimali, ukwesekwa kwamabhizinisi kanye nolwazi oludingekayo ukuze amabhizinisi amancane akhule abe namandla futhi akwazi ukuncintisana.

Kubanikazi bamabhizinisi besifazane, ukuthola uxhaso lwezimali kanye nokuqonda amathuba akhona embonini yezokwakha kungaba yinselelo enkulu njengokuthola izinkontileka.

Lo mcimbi ube yithuba lokuthi abesifazane bafunde, baxhumane futhi babelane ngamava, ngesikhathi bethola ulwazi lokuthi bangawabeka kanjani amabhizinisi abo endaweni efanele ukuze akhule.

Uphinde wathumela umyalezo wokuthi abesifazane akumele bagcine ngokuba yingxenye yemboni yezokwakha, kodwa kufanele babe ngabanikazi bamabhizinisi, abaholi kanye nabathathi bezinqumo.

Lo mzamo uyingxenye yomkhankaso obanzi waleli bhange wokufukula abesifazane ngokomnotho nokuvula iminyango ezimbonini lapho bebebhekana khona nezingqinamba esikhathini esedlule.

UNks Andile Mabaso we-IDFC, uveze ukuthi bahlele lo mcimbi ngoba bekholwa ukuthi uma abesifazane benikezwa amathuluzi okwakha, bangakha amabhizinisi, bakhe amathuba okuphila futhi baqinise nomnotho.

Uthe Ithala libalulekile ngoba aligcini ngokukhuluma, kepha kunezinhlelo ezibhekana ngqo nalokhu obekukhulunywa ngakho osekuvele kusebenza.

"Sicobelelane ngolwazi lokuthi njengoba ekhona la mathuba, osomabhizinisi balandela miphi imigudu ukuze bekwazi ukuhlomula kuwo. Lokhu kwenza ukuthi izicelo abazifakayo zingafiki zinamaphutha okanye kukhona imininingwane eshodayo, konke kubahambele kahle emva kwesenzo sokuqala uma befanele ukuhlomula," kusho uMabaso.

UNks Lindokuhle Ngcobo obemele uPhiko lwakwaSupply Chain Management kuMasipala weTheku, uchazele abesimame ngohlelo lokukhishwa kwamathenda nemigudu elandelwayo ukufaka izicelo zomsebenzi kosonkontileka abancane. Ukhuthaze abesimame ukuba besondelane namahhovisi kamasipala ukuze bezochazeleka kabanzi lapho beshiyeka khona.

UNkk Nompumelelo Shangase we-Isimangaliso Trading eyaqala ukusebenza kulo mkhakha ngo-2015, uthe ulithakasele kakhulu ithuba lokuncela ulwazi kulolu hlelo ngoba le nkampani ibingasagxilile kakhulu emkhakheni wokwakha kulandela ukubhekana nezingqinamba ezadalwa iCovid-19.

UNks Tholi Cibane onguSihlalo weSouth African Women in Construction (SAWIC) and Built Environment KwaZulu-Natal, ukhuthaze abesimame abakulo mkhakha ukuba bebhalise ngaphansi kwabo ukuze iSAWIC izoqhubeka nokulwela izidingo, amathuba, nokuhlonipheka kwamalungelo wabo kwabezinhlaka ezehlukene.

"Siyakwazi ukubonisana nangekusasa labantu besifazane, uma sesiyongqongqoza emnyangweni ehlukene sifike sesikhuluma ngezwi linye. Silwisana nezinkoleloze zokuthi abesimame abafanele ukusebenza kulo mkhakha. Asithembisi ukukutholela umsebenzi, sifaka isandla uma kukhona okungahambi kahle," kusho uCibane.








Injabulo ibichichima kubantu besifazane abangosomabhizinisi abancane ngemuva kokuthola izifundo ezinqala ngalo mkhakha emcimbini wokubungaza inyanga yabantu besifazane. ***Izithombe: BT News***





UNks Andile Mabaso we Ithala Development Finance Corporation Limited.

BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# zinisini phambili embonini yezokwakha

***Emalokishini aseNingizimu Afrika, osomabhizinisi abancane bayaqhubeka nokukhombisa ukuthi impumelelo ayakhiwa emahhovisi amakhulu kuphela noma ngemali eningi. Imvamisa iqala ngombono, isibindi, ukuzimisela kanye nokungavumi ukunqotshwa yizimo ezinzima. Kusukela kwezokwakha kuya ekuthuthukisweni komphakathi, osomabhizinisi basemalokishini nabasemakhaya bayazivulela amathuba, bakhiqize amathuba omsebenzi futhi bakhombise ukuthi indawo umuntu aqala kuyo ilawula isiphetho sakhe. IBT News ikulethela osomabhizinisi abathathu abayisibonelo salokhu.***

## Nokwanda Dlamini

Imboni yezokwakha ayiyona nje indawo yokwenza ibhizinisi kodwa iyinkundla yokukhombisa ukuthi abesifazane nabo bangahola, bakhe futhi babe ngabanikazi bamabhizinisi kule mboni.

Njengomsunguli we-Ozel Group, uDlamini uyingxenye yesizukulwane sabesifazane abaphokophele ukungena embonini osekuyisikhathi eside ibonakala igcwele kakhulu abesilisa.

Indaba yakhe iyisikhumbuzo sokuthi abesifazane akudingeki basale eceleni uma kunamathuba okwakha, ukuhola nokuba ngabanikazi bamabhizinisi.

"Sisebenza emkhakheni wama-elevator. Nakuba lo mkhakha unzima, kodwa ukuphokephela phambili kwenza impumelelo yawo wonke umsebenzi esiwenzayo ibe isikhuthazi sokuqhubekela phambili," kusho uDlamini.

**I-Ozel Group eyakha iphinde ilungise ama-elevator itholakala ku-078 228 3310.**





## Tholi Cibane

USihlalo we South African Women in Construction KwaZulu-Natali, uTholi Cibane, uthi akube njengamagama enkehli ngomthetho wengxenye ewu 40% ngokomgomo owabekwa uhulumeni.

Usho lokhu kuhlelo lweWomen in Construction obeluhlanganiswe iThala lapho bekucobelelwa abesifazane abakulendima abafisa ukungena ngolwazi abangaludinga.

Ngokomgomo we 40/60 system owaziwa nge 40% set aside rule kuthathwa ingxenye engama 40% ngokwe Preference Point System kumabhizinisi aphethwe ngabesifazane ngenhloso uokukhuthaza ukuziyeka ngokomnotho ngokulingana ngokobulili.

Ngokwesystem kusetshenziswa i80/20 system kumathenda abalelwa kwizi R50 million lapho ingxenye engama 80% ibalelwa kwimali kuthi ingxenye engama 20% ibalelwa kwimigomo ethize kanjalo naku 90/10 system kumathenda angaphezu kwezi R50 million.

Lenhlangano ikhulumela amalungelo abesifazane ngokungqongqoza kwiminyango ukuze kusizakale amabhizinisi abesifazane ikakhulu kwindima yezokwakha kwazise ibiyaziwa njengeyabesilisa.

"Asibeki phambili ukuthi sizokutholela imisebenzi, kodwa siyakuhlanganisa endleleni uma kukhona indlela yethuba elilalelayo njengalo iThala kwathi uma sithi siyeza sizongqongqoza lasilalela," kubeka uCibane

## Nompumelelo Shangase

UNompumelelo Shangase we-Isimangaliso Trading ukujabulele ukuthola ithuba lokucobelelwa ngolwazi kwezokwakha kwi workshop ebihlelwe iThala.

Uthe inkampani yakhe yaqala ukusebenza ngonyaka ka 2015 kodwa yaba nezinkinga ngemuva kobhubhane iCOVID-19 okwaphoqa ukuba bagxile kwezinye izinto ezingaphandle kokwakha.

"Sithole lesisimemo sokuthi size la kwiThala ukuthi sizozwa kabanzi nangezinto ezisiphuthile kwazise besesiphumile kwezokwakha. Ngijabule kakhulu, ngibonge kakhulu ngaleluthuba," kubeka uShangase.

Uthe ufundile ngenhlangano eyengamele abesifazane abakwindima yezokwakha futhi usezojoyina abe yingxenye yayo nathemba ukuthi uzothola kuyona usizo ukuze abuyele kwezokwakha.



# ITheku libonisa inqubekela phambili ekwakheni amathuba omsebenzi

UMasipala weTheku ubonisa inqubekela phambili ekunciphiseni izinga lokungasebenzi.

Ngokocwaningo lwezimo zabasebenzi lwangekota, i-Quarterly Labour Force Survey (QLFS), olukhishwe yi-Statistics South Africa ngekota yesibili ka-2026, iTheku libe nezinga eliphansi lokungasebenzi uma liqhathaniswa nabanye omasipala abakhulu baseNingizimu Afrika.

Ucwaningo luveze ukuthi izinga lokungasebenzi eThekwini belingu-21.2% phakathi kuka-Ephreli noJuni 2026.

Leli zinga liphansi kunelaseKapa elingu-21.9%, futhi lingaphansi kakhulu kwesilinganiso sikazwelonke esingu-33.6%.

IMeya yaseThekwini, uKhansela Cyril Xaba, ithe le miphumela ikhombisa umsebenzi oqhubekayo wokuzinzisa isimo sokutshalwa kwezimali eDolobheni.

"Lezi zibalo zikhombisa ukuthi izinto esesisebenze kanzima kuzo, ezihlanganisa ingqalasizinda, ukugqugquzela ukutshalwa kwezimali kanye nokwesekwa kwemikhakha yezimboni nezokuvakasha, seziqala ukwakhela izakhamuzi zethu amathuba omsebenzi.

"Asikubheki lokhu njengokuthi sesifikile lapho siphokophele khona. Bangaphezu kuka-340 000 abantu kuleli dolobha abasafuna umsebenzi, kanti nezinga lokuqashwa kwabantu kufanele likhuphuke. Nokho, sihamba ngendlela efanele futhi sizimisele ukuqhubeka nale nqubekela phambili," kusho uXaba.

Izibalo zakamuva zikhombisa ukwehla ngamaphesenti angu-5.6 uma kuqhathaniswa nezinga elingu-26.8% elaqoshwa ngekota efanayo ngo-2025. Lokhu kube ukwehla okukhulu kunakho konke phakathi komasipala abakhulu ngalesi sikhathi.

"Inani lezakhamuzi eziqashiwe likhuphuke lafinyelela ezigidini ezingu-1.29, nokuwukwanda ngabantu abangu-90 000 uma kuqhathaniswa nekota yesibili ka-2025.

"Ngaleso sikhathi, inani lezakhamuzi ezingasebenzi lehle ngabantu abangu-92 000 lafinyelela ku-347 000. Lokhu kwenze iTheku laba ukuphela kukamasipala omkhulu owaqopha ukwehla kwezinga lokungasebenzi uma kuqhathaniswa nekota eyedlule kanye nonyaka owedlule," kusho uMasipala.

Izinga lezakhamuzi ezineminyaka yokusebenza eziqashiwe eDolobheni likhuphuke lisuka ku-44.2% ngonyaka odlule lafinyelela ku-46.9%. Lokhu kube ukuthuthuka okukhulu kunakho konke phakathi komasipala abakhulu.

Ukukhula kwamathuba omsebenzi kugqame kakhulu emkhakheni wezokuqashwa ngokusemthethweni, obuqashe abantu abangu-948 000 ngekota yesibili, nokuwukwanda ngabantu abangu-32 000 uma kuqhathaniswa nekota eyedlule.

UMasipala ugcizelele ukuthi ukungasebenzi kuseyinselelo enkulu ebhekene nezakhamuzi.

Uthe uzoqhubeka nokubeka eqhulwini ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda, ukweseka amabhizinisi amancane kanye nokuqinisa ubudlelwano nezinkampani ezizimele ukuze kwandiswe amathuba omsebenzi.

# Izungeza amalokishi iKasi 2 Kasi Family Tour

**Zoloh Guma**

IZUNGEZA amalokishi akhelene neTheku kufundiswa abantwana ngobuhle bokuba um-Afrika iKasi 2 Kasi Family Tour ngokwenza uhlelo lweOperation Fundisa Family Days kulenyanga kaNcwaba.

Loluhlelo lwenzelwe abantwana ukuba bazijabulise baphinde bafunde ngokubaluleka kokuba um-Afrika, luqale eFennen eClermont ngomhlaka 8 kulenyanga leza eMlazi eZinto Cele Park.

Lwenziwe ngaphansi kwesiqubulo esiyi "ngimnyama, ngimuhle, ngihlakaniphile" ngokuBambisana ne-Independent Electoral Commission, Umlazi Township Tourism, Push iPlan Films, Ocule IT, BT News kanye neMaphinda Funeral Services.

Abantwana bebefundiswa ngokubaluleka kokuvota, beqhudelana ngokucula, ukudansa, ukusina, izinkondlo kanye nemidlalo ehlukahlukene.

Ephawula ngaloluhlelo uDkt. Lwazi Nqetho ongumengameli weKasi 2 Kasi Family, owaziwa ngoMkhulu wabazukulu, uthe yonke lenyanga yomama bazungeza amalokishi akhelene neTheku.

"Selokhu saqala ngomhlaka 8 kulenyanga eFennen eClermont ku ward 22 nalapho kubekhona abantwana ababalelwa ku 800. Kamuva besiseMlazi eZinto Cele Park ku ward 87 nalapho besize siphikisane ngokuthi ibaphi ababebaningi ngoba nakhona abantwana bebebalelwa khona ku 700/800," kubeka uNqetho

Uthe basazophindela eClermont eChristianenburg ku ward 92 ngomhlaka 22 bese bephetha ngoMashu K section emadampini kuward 41 kanye nakwa C kuward 40 ngomhlaka 30 Koyona lenyanga.

"Nanoma iyiphi inhlangano esikhulumile nami ethanda ukuba yingxenye yalolumbimbi futhi luza kahle kakhulu ngoba luwumdlalo wezibalo, " kubeka uNqetho.

Uthe izinhlangano ezijoyina lolumbimbi bayazikhankasela ngaphansi kweKasi 2 Kasi nabale iMaphinda Funeral Services aseke wahlangana nomphathi wayo baxoxa.

USihlalo we-Umlazi Township Tourism, uSandile Dlamini, uthe lobubudlelwano asebebukhandile phakathi kwabo nabe Kasi 2 Kasi Family Tour buzokwenza ukuthi amalokishi ahambelane futhi buzokhulisa umnotho wasemalokishini.

Ukusho lokhu ethembisa ukubakhona kulezindawo ezisazohanjelwa kulezinsuku ezibaliwe KwaMashu naseClermont kuze kuphele lenyanga kaNcwaba.



USihlalo woMlazi CTO UMnuz Sandile Dlamini kanye noDkt. Lwazi Nqetho weKasi 2 Kasi Family emcimbini obuseZinto Cele Park, eMlazi.



UDkt. Lwazi Nqetho ongumengameli weKasi 2 Kasi Family ekhuluma nabantwana abebeyingxenye ye tour ebiseZinto Cele Park, eMlazi. ***Izithombe: BT News***




Bebezijuxuza kanje odado kwiKasi 2 Kasi Family Tour ebiseZinto Cele Park, eMlazi.

# IMUT ithakasela umbiko ongenagcobho lokungenzi kahle

**Thubelihle Khumalo**

IMANGOSUTHU University of Technology (MUT) isichaze ukuthola kwayo umbiko ongenagcobho lokungasebenzisi imali ngendlela njengentuthuko enkulu kwimizamo yayo yokwakha kabusha isikhungo, ukuqinisa ukuphathwa ngendlela efanele nokubuyisa ukwethenjwa abezinhlaka ezisebenzisana nayo.

IPhini likaShansela weMUT, uSolwazi Rushiella Songca, uchaze le mpumelelo njengenye yezinyathelo ezibaluleke kakhulu emlandweni wale nyuvesi. Uthe lo mphumela ukhombisa ukuthi lesi sikhungo sikwazile ukunqoba izinselelo ezinkulu futhi manje sesingena esigabeni esisha esigxile ekuketheni uzinzo, ekwenzeni kahle nasekukhuleni.

Le mpumelelo ibaluleke kakhulu njengoba iMUT phambilini yayithole i-disclaimer audit opinion. Izikhungo zemfundo ephakeme ezizama ukuphuma kulesi simo zivame ukudinga iminyaka eminingana ukuze zilungise izinhlelo zokuphatha, ziqinise izindlela zokulawula ezezimali futhi zibuyise ukwethenjwa kwabathintekayo.

Ukuthi iMUT ikwazile ukusuka kule ndawo iye kwi-audit opinion engenamibandela ngesikhathi esifushane kangaka kubhekwa njengoshintsho olukhulu. USolwazi Songca, oqale ukusebenza njengeBamba lePhini likaShansela ngoMashi kulo nyaka, uncome umzamo wabantu abaningi ngaphakathi enyuvesi abenze le mpumelelo yaba khona.



USolwazi Rushiella Songca oyiPhini likaShansela waseMangosuthu University of Technology (MUT) ubonge waphinde wancoma ukubambisana komphakathi waseMUT ngeqhaza elibanjiswe ekutholweni kombiko ongenagcobho lokungenzi kahle kwezezimali

"Ngizizwa ngithobekile futhi ngiziqhenya kakhulu ukuma eceleni koMkhandlu, i-Executive Management, iSenate, abasebenzi nezitshudeni kulesi sikhathi esingumlando," esho. Uthe nakuba esebenze kule nyuvesi kusukela ngoMashi kuphela, le mpumelelo iwumphumela womsebenzi wabantu abaqhubeke nokukholelwa ekutheni iMUT ingakwazi ukushintsha indlela ebihamba ngayo.

NgokukaSongca, abasebenzi abaningi bazinikele ngokweqile ngesikhathi sokulungiswa kwezinhlelo zenyuvesi, abanye basebenza amahora amade futhi banciphisa isikhathi abasichitha nemindeni yabo ukuze kuqiniswe ukuphathwa, ukulawulwa kwezimali kanye nezindlela zokubhekelelana ngomsebenzi.

Uthe ukuzimisela, ubungcweti nokuzinikela kwabasebenzi kube yingxenye ebalulekile ekuguqulweni kwenyuvesi, wengeza ngokuthi le mpumelelo akumele inikezwe umuntu oyedwa kodwa ingeyomphakathi wonke waseMUT.

IPhini likaShansela liphinde lancoma uMkhandlu weMUT, oholwa nguSihlalo uDkt Mosidi Makgae, ngokuhlinzeka ngobuholi kanye nokwengamela amasu ngesikhathi sokulungiswa kwesikhungo. Uphinde wagcizelela umsebenzi owenziwe yiFinance and Investment Committee kanye ne-Audit and Risk Committee, ethi ukuhlola kwabo ngokucophelela kanye nokugcizelela kwabo ekubhekelelaneni kube nomthelela ekutheni uhlelo lokuguqula iMUT luqhubeke ngendlela ehlelekile.

"Ubuholi babo bube negalelo elikhulu ekuqondiseni inyuvesi ekubeni nokuphathwa okuqinile kanye nokuzinza kwezimali," kusho uSongca.

UMkhandlu wale nyuvesi nawo uyamukele le mpumelelo, uyichaza njengesikhathi esibalulekile emlandweni weMUT futhi njengobufakazi bokuthi ubuholi obunokuziphatha, ukuphathwa ngendlela efanele kanye nokubambisana kungaletha izinguquko ezibonakalayo.

Osihlalo be-Audit and Risk Committee kanye neFinance and Investment Committee nabo bancome bonke ababambe iqhaza ekusizeni iMUT ukuthi isuke kwi-disclaimer audit opinion iye kwi-audit opinion engenamibandela. Kodwa bagcizelele ukuthi ukugcina le mpumelelo kuzodinga ukuqhubeka nokulandela izindlela eziqinile zokuphatha izimali kanye nokwengamela umsebenzi.

# "Ushiye ifa elingasoze laphela"

UKUSHONA kukaCebo Nyondo, obengomunye wabasebenzi ababalulekile eMangosuthu University of Technology (MUT), kushiye ozakwabo, abaphathi kanye nabangani bekhungathekile, kuchazwa impilo yakhe njengaleyo egcwele ukwethembeka, ukusebenza ngokuzikhandla nobuholi.

UDkt Manyane Makua, oyiSenior Director kwiLearning and Teaching Development Centre (LTDC), ukhulume ngobuhlungu obukhulu ngesikhathi ethula inkulumo yesikhumbuzo sikaNyondo, echaza ukuthi ukushona kwakhe kungazelelwe kumshiye engakholwa futhi ekhungathekile.

UMakua uthe ubudlelwano bakhe noNyondo baqala ngo-2013 ngesikhathi uNyondo engena ngaphansi kweLTDC njengomunye wabokuqala ukusebenza njenge-eLearning Specialist. Uthe kusukela ekuqaleni bobabili bakha ubudlelwano obuqinile obabususelwa ekwethembaneni nasekusebenzeni kanzima.

"Ngathi ngithola ucingo lokungazelelwe lokushona kwakhe, yonke into emhlabeni wami yema. Engakwenza kuqala kwaba ukungakukholwa. Ngaze ngamushayela ocingweni lwakhe, nginethemba lokuthi uzophendula bese ethi lezi zindaba azilona iqiniso," kusho uMakua.

Ukhumbule nesikhathi lapho uNyondo athola khona umsebenzi kwenye inyuvesi, kodwa yena wamncenga ukuba angashiyi iMUT.

"Ngamutshela ngokusobala ukuthi akayi ndawo, futhi ngakwazi ukumugcina. Angikaze ngiqonde ngokuphelele ukuthi sasibophelene kangakanani kwaze kwaba manje. Ukushona kwakhe kungidabule inhliziyo," kusho yena. NgokukaMakua, uNyondo wakhuphuka ezikhundleni ngenxa yokuzinikela kwakhe emsebenzini, wagcina esenguDeputy Director, lapho ayebhekele khona ukuqondisa nokweluleka abasebenzi.

Uthe uNyondo wayengumuntu obalulekile kwiMUT, kwiLTDC nasempilweni yakhe uqobo, echaza ukuthi cishe zonke izinsuku wayedlula ehhovisi lakhe ukuze ambuze ukuthi unjani, ahambe naye emihlanganweni noma amphelezele aye emotweni.

"Wayeyinsika yamandla eMUT, kwiLTDC nakimi uqobo. Wayengumuntu wokuqala engangiphendukela kuye uma ingcindezi isinkulu. Wayengivikela ngingekho futhi engazange avumele amahlebezi nokwehlukana kusihlukanise," kusho uMakua.

Uphinde wagqamisa iqhaza likaNyondo ekuhleleni nasekuqhubekiseni izinhlelo ezibalulekile zezemfundo, ethi wayengamandla amakhulu ngemuva kweNational Focus Conferences futhi engumqambi weTeaching with Technology Summit.

UMakua uthe lezi zinhlelo zizohlala ziyingxenye yefa likaNyondo futhi zizoqhubeka zikhunjulwa ngenhlonipho nangokuziqhenya.

Ngaphandle komsebenzi, uNyondo ubaziwa nangobuntu bakhe kanye namahlaya ayenza ubudlelwano phakathi kozakwabo bube lula. UMakua ukhumbule izikhathi zokuhleka, ikakhulukazi amahlaya, kanye nezikhathi lapho uNyondo ayemkhumbuza khona ukuthi isikhathi siyahamba.

Ekhuluma ngefa alishiyile, uMakua uphikise umbono wokuthi impilo ingagcina ingenayo incazelo, wathi impilo kaNyondo ibonakale ngokuthinta izimpilo zabanye nokushiya uphawu oluqinile.

Uthe isikhathi esiphakathi kosuku umuntu azalwa ngalo nosuku ashona ngalo singafaniswa nophawu oluncane phakathi kwezinsuku ezimbili, kodwa lolo phawu lumele impilo, uthando nefa umuntu alishiyayo.

"UCebo wagcwalisa lolo phawu ngenhlonipho, ngobuhle bomsebenzi nangokwethembeka okungantengantengi," kusho uMakua.

UMakua uphethe inkulumo yakhe ngamazwi othando nawokuvalelisa, echaza uNyondo ngokuthi ubengumfowabo, uzakwabo, umngani nendodana.

"Sengathi umphefumulo wakho ungalala ngokuthula okuphakade, futhi umndeni wakho kanye nathi sonke singathola induduzo efeni elicebile osishiyele lona," kusho uMakua.



UDkt Manyane Makua oyiSenior Director kwiLearning and Teaching Development Centre (LTDC) eMangosuthu University of Technology (MUT) ukhumbule uMnuz Cebo Nyondo njengomuntu obambe iqhaza elibalulekile kwintuthuko nekusasa lale nyuvesi

